# USARS UYASEMUKELA ISINQUMO SOKUVIKELA UBUMFIHLO

**Tshwane, 20 kuMfumfu 2023 –** UKhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) usamukele isinqumo esikhishwe kuleli sonto yoMnyango we-KwaZulu-Natal Local Division, ebibhekene nodaba lwempahla engenele ukukhokha isikweletu se-Jubilee Plant Hire SA CC ("Jubilee").

Inkantolo inqume ukunqaba ukwembula ukuvikeleka kobumfihlo ngomyalelo owakhishwa kuLwezi 2021 ngalokho yamukela isicelo sikaSARS esasigunyaza ukuba kube nophenyo nezithibelo kulungu eliyilo lodwa kanye nofakazi odabeni lokucwila ezikweletini ekwazini ukuthola ulwazi ababenalo. Inkantolo iphinde yakhipha umyalelo wezindleko ezizothwalwa yi-Jubilee.

Inkantolo, ngokubheka ukuphikisa kukaSARS, ichithe imizamo yokusebenzisa ngendlela engeyiyo inqubo yokuhlangula ibhizinisi yabe isidla impahla ngenhloso yokubuyisa isikweletu ku-Jubilee. I-Jubilee, nabanye abaxhumene nenkampani, bakweleta uSARS imali engaphezulu kuka-R400-million. Ukuchithwa kophenyo olwasungulwa yiNhloko yeNkantolo Ephakeme kanye nokungabi nabulungiswa ekusingathweni kwempahla ye-Jubilee, uSARS waphoqeleka ukuba ufake isicelo sophenyo ngokoMthetho Wezinkampani eNkantolo Ephakeme eKwaZulu-Natali.

Uphenyo lwaqala kwathi emva kokuvela emhlanganweni, okunguye yedwa ilungu le-Jubilee, uNkosikazi Neermala Moodley, nofakazi abathile, okunguMnu. Panganathan Marimuthu, uMnu Lovendren Marimuthu, uNksz Shantal Redhi kanye noNksz Ramona Budden, bacela ukuba uKhomishana owayephethe umhlangano adalule amaphepha enkantolo esicelo sikaSARS salo mhlangano omusha. UKhomishana wasinqaba leso sicelo.

Emva kwalokho, abafakisicelo bafaka isicelo sokudalulwa kwamaphepha enkantolo kaSARS kanye nesithibelo esivimbela abafakisicelo ukuba bahambele lo mhlangano obalulwe ngenhla. USARS waziphikisa zombili lezo zicelo. Kusinqumo esikhishwe uMnyango we-Kwa-Zulu Natal Local Division, inkantolo ithole ukuthi abafakisicelo bahlulekile ukubeka izizathu ezinqala zokuba inkantolo ichithe isinqumo ngobumfihlo.

Emaphepheni abo abafakisicelo azange baphike ukuthi le miyalelo eyedlule yadalulwa enkantolo, lokho okukhomba ukuthi kwakungazange kube yinto okuphikiswanayo ngayo. Phezu kwalokho, inkantolo yabona ukuthi abafakisicelo bahluleka ukubhekana nokwakuphakanyiswe uSARS emaphepheni awo. Ngakho-ke, njengoba abafakisicelo behluleka ukuchitha izinsolo ezazibekwe nguSARS emiyalelweni yomhlangano, isicelo sachithwa nezindleko - emthethweni okubizwa ngomgomo we-*Plascon-Evans*.

UKhomishana wakwaSARS uKieswetter ubuhlungu ngokuthi abanye abakhokhintela bazama ukugwema ukuthobela izibophezelo zabo ezinqubweni zokudliwa kwempahla ngenhloso yokubuyisa isikweletu kanjalo nasezinqubweni zenkantolo, okulimaza ababolekisi abakweletwa abadlelwa impahla. Ezikhathini eziningi, isikhwama sombuso yiso esilimalayo. USARS uzinikele ukuthatha izinqumo ezifanele lapho abakhokhintela abangathobeli bebalekela izibophezelo zabo zentela okugcina kulimaza imali yombuso, kubandakanya ukulandelela labo bakhokhintela abadlelwa impahla nabacwile ezikweletini. USARS ucela bonke abasebenza ngezinkampani ezicwile ezikweletini ukuba benze umsebenzi wabo bengabi navalo futhi bathathe izinqumo ngoba imizamo yabo iyisisekelo sokwazi ukuthi labo abakweletwayo bakwazi ukuthola nokubuyelwa yilokhu abakukweletwayo ukuze bakwazi ukuqhubeka nokusebenza bangacwili kanye nabo. USARS uzohlala usebenza ngendlela eyeseka ukukhula komnotho nokusungula amathuba emisebenzi.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za